

Iqoqo Lezindaba

ISIZULU

ULIMI LWASEKHAYA

ITHEMU 3



IBANGA
2





Iqoqo Lezindaba

IBANGA 2 | ITHEMU 3

ISIZULU

**Copyright © 2026 National Educational
Collaboration Trust (NECT)**

This work is licensed under a **Creative Commons
Attribution–NonCommercial–NoDerivatives 4.0
International License (CC BY-NC-ND 4.0)**.

Additional permissions beyond the scope of this license
may be available. For further information, please
contact the publisher at **materials@nect.org.za**.

First edition, 2026





ITHEMU 3



IBALAZWE LASENINGIZIMU AFRIKA



INyakatho Kapa



INTshonalanga Kapa



Isivivinyo
sezibalo esilula
sikaLinden



Ulwandle
lwe-Atlantic



ILimpopo



Amaholidi
asebusika



Umdansi
wezimanga
lona!



UMunene
uthola
usizo

IGauteng

IMpumalanga

**INyakatho
Ntshonalanga**

IFree State

**KwaZulu-
Natal**



UJabu uphehla
amaqanda



IMpumalanga Kapa

UMalolo iloli

**Ulwandle
lwaseNdiya**

IBALAZWE LOMHLABA





I-Asia

IYurophu

I-Afrika

I-Australia

Ulwandle
IwaseNdiya

Ulwandle
IwePacific

I-Antarctica

ITHEMU 3 IZINDABA



UMalolo iloli

1



Amaholidi asebusika

13



UJabu uphehla amaqanda

25



Isivivinyo sezibalo esilula sikaLindeni

33



UDancegod Lloyd

47



Umdansi wezimanga lona!

61



Kusiza amahlengethwa

75



UMunene uthola usizo

91

INDABA 1

UMALOLO

ILOLI

Indikimba: Sizizwa sinomona



Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka endaweni engachazwanga.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi wonke umuntu unamakhono ehluke futhi ukuziqhathanisa nabanye kungenza ungakuboni okukwenza ube ngokhethekileyo.



Isu lokuqondisisa: Qapha Ukuqonda

- Kuyini: Ukuhlola ukuqonda kwakho njengoba ufunda uphinde ume uma kukhona okungakucaceli kahle.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqaphela uma ngabe kukhona ongakuqondi kahle, bese uyakulungisa.
- Kusiza kanjani: Kukugcina ubambe iqhaza futhi kuthuthukisa ukuqonda ngokulungisa ukungaqondi ngokushesha.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho


- Izimoto ngokwehlukana kwazo, zakhelwe imisebenzi eyahlukene. Isibonelo, ibhasi lithwala abantu, isikebhe sihamba emanzini, kuthi iloli lokuthwala nokulahla lithwale imithwalo enzima.
- Ngesinye isikhathi, siziqhathanisa nabanye abantu. Singabuka izinto abanye abantu abanazo noma abangazenza sifise ukufana nabo. Lokhu kungasenza sizizwe singajabulile ngesijikho.
- Wonke umuntu unamandla angafani nawabanye. Abantu banamakhono ngokwehlukana kwezinto. Omunye umuntu angagijima ngejubane eliphezulu, ngenkathi omunye enekhono lokudweba noma ukusiza abantu.
- Ngesinye isikhathi, inkinga ngeke ixazululeke ngendlela eyejwayelekile, futhi abantu kudingeka bacabange ngesixazululo esinokuhlakanipha.



Ukuze usebenzise leli su:


Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
4,1	UMalolo abone isitimela esiluhlaza okwesibhakabhaka sidlula ngejubane elikhulu. “Ngifisa sengathi ngabe nginejubane njengalesi sitimela,” kucabanga uMalolo. UMalolo abone ibhasi elikhulu elinombala osawolintshi lihamba eduze. “Ngifisa sengathi ngabe ngimkhulu njengaleli bhasi,” kucabanga uMalolo.	Ake ngime ngicabange... Ake ngihlole ukuthi ngabe ngiyaqonda: Ngiyaqonda ukuthi uMalolo akazijabuleli yena njengenqola, ucabanga ukuthi ezinye izinqola zingcono kunaye ngezindlela ezihlukene.
8,1	UMalolo uhlala eduze komfula, edabukile. “Wonke umuntu ugijima ukungedlula noma mkhulu kunami, noma muhle kunami!” kucabanga uMalolo elusizi. “Ngimncane kakhulu. Anginalo ijubane. Angiyinto yalutho!” ecabanga.	Ake ngime ngicabange...Ake ngihlole ukuthi ngabe ngiyaqonda: Ngiyaqonda ukuthi ukuziqhathanisa kukaChuck nabanye kumenza azizwe engajabulile. Ngicabanga ukuthi lokhu kuveza inkinga ekhona endabeni.

UMalolo kwakuyiloli elincane eliphuzi
elingumadibhane. Ngolunye usuku uMalolo
wayegcwele umthwalo omkhulu wamatshe.
Wayehamba emgwaqweni omkhulu.



UMalolo abone isitimela esiluhlaza okwesibhakabhaka sidlula ngejubane elikhulu. “Ngifisa sengathi ngabe nginejubane njengalesi sitimela,” kucabanga uMalolo.

UMalolo abone ibhasi elikhulu elinombala ophuzi lihamba eduze. “Ngifisa sengathi ngabe ngimkhulu njengaleli bhasi,” kucabanga uMalolo.




UMalolo ubona indiza enkulu emhlophe ecwebezelayo indiza phezulu esibhakabhakeni. “Ngifisa sengathi ngabe ngicwebezela njengale ndiza,” kucabanga uMalolo.

UMalolo ubona iloli elibomvu elihle emgwaqweni. “Ave ngifisa ukuba muhle njengaleliya loli elibomvu,” kucabanga uMalolo.




UMalolo ubona isikebhe esiluhlaza okotshani esiqhakazile sintweza ngejubane emfuleni. “Ngifisa sengathi ngabe ngiqhakaze njengalesiya sikebhe esiluhlaza okotshani,” kucabanga uMalolo.



UMalolo ubona imoto yomjaho ebomvu, enhle futhi entsha. “Ngifisa sengathi ngabe ngimuhle njengaleya moto entsha yomjaho,” kucabanga uMalolo.



UMalolo uhlala eduze komfula, edabukile. “Wonke umuntu ugijima ukungedlula noma mkhulu kunami, noma muhle kunami!” kucabanga uMalolo elusizi. “Ngimncane kakhulu. Anginalo ijubane. Angiyinto yalutho!” ecabanga.



Ngokuphazima kweso uMalolo ubona umfanyana emuka nomfula.

“Sizani! Sizani bo!” kumemeza umfanyana. “Ngicela ningisize! Ngubani ongangisiza?”

“Angikwazi!” kusho isitimela. “Ngihamba ngejubane elikhulu, angikwazi ukuma.”

“Angikwazi,” kusho ibhasi. “Ngima ezitobhini zamabhasi kuphela.”

“Asikwazi,” kusho iloli kanye nemoto yomjaho. “Asikwazi thina ukungena emanzini.”

“Angikwazi,” kusho indiza. “Ngindizela phezulu kakhulu.”

“Angikwazi,” kusho isikebhe. “Umoya unamandla okungijikisa.”



UMalolo akakaze angene emanzini. Nokho uMalolo ukhombisa ukuhlakanipha. Uvela nesu!

“Ngizokusiza!” kusho uMalolo omncane. Athulule amatshe ayewathwele maqede ehlise isivalo esingemuva emanzini ukuze umfanyana abambelele kuso, aphume emanzini. “Ngiyabonga!” kumemeza umfanyana. “Ungiphephisile!”



“Ngiyabonga loli elincane eliphuzi nelinesibindi!” kusho umfana.

UMalolo uhamba uya ekhaya ngemuva kokusiza umfanyana. “Kungenzeka ukuthi angimkhulu noma anginajubane noma angimuhle,” kucabanga uMalolo, “kodwa nami ngibalulekile! Ngizithanda nginje.”





Ukufunda 1

Uyini uMalolo?

UMalolo yiloli elingumadibhane elincane eliphuzi.

Ingabe ufuna ukuba yini uMalolo?

- isitimela esinejubane
- ibhasi elikhulu
- indiza ecwebezelayo
- iloli elihle
- isikebhe esiqhakazile
- imoto yomjaho entsha futhi enhle.

Kungani uMalolo wayehleli ngasemfuleni ezizwa elusizi?

- Yingoba wayefisa ukuba mkhulu.
- Yingoba wayefisa ukuba nejubane.
- Yingoba wayefisa ukucwebezela.
- Yingoba wayefisa ukuqhakaza.
- Yingoba wayefisa sengathi ngabe uyakwazi ukundiza.
- Yingoba wayefisa sengathi angakwazi ukuntweza emanzini.
- Yingoba wayefisa ukufana nezinye izithuthi ayezibona.



Ukufunda 2

Ingabe uMalolo wasindisa bani?

Wasindisa umfanyana owayewele emfuleni.

Wathini umfanyana kuMalolo ngemuva kokuba esemsindisile?

Wathi, “Ngiyabonga” futhi wambiza ngokuthi unguMalolo onesibindi.

Kungani ekugcineni kwendaba uMalolo azibona ukuthi ubalulekile?


- Yingoba waba nesu elihlakaniphile.
- Yingoba wenza into engeke yenziwe omunye umuntu.
- Yingoba nguye yedwa okwazile ukusiza umfanyana.
- Yingoba wayezizwa ethokozile ngalokho akwenzile.
- Yingoba wabona ukuthi yena ukhethekile ngendlela yakhe.

INDABA 2

AMAHOLIDI

ASEBUSIKA

Indikimba: Sizizwa sinomona



Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukuba nomona ngezinto ezenzeka kwabanye abantu kungasenza singaboni izinto ezinhle ezenzeka ezimpilweni zethu.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

Uma izingane zibuyela esikoleni emva kwamaholide, zivamise ukuxoxela abangani bazo ngezikwenze ngamaholide kanye nezindawo ezizivakashele.

Imindeni ngokwehlukana kwayo, ichitha amaholide ngezindlela ezahlukeneyo. Abanye abantu bavakashela izindawo ezintsha, kanti abanye bahlala emakhaya bachithe isikhathi nemindeni.

Ngesinye isikhathi abantu baqathanisa izimo zabo nezabanye. Ngesinye isikhathi siyaye sizwe ngento enhle eyenzakalele omunye bese sifisa sengathi ngabe yenzeke kithina.

Ukuchitha isikhathi nomndeni kungaba yinto ekhethekile, noma ngabe awuvakasheli izindawo. Awudingi ukuvakashela kude ukuze ube neholidi eliminandi. Ukuchitha isikhathi nabantu obathandayo kungadala izikhathi ezimnandi ezikhumbulekayo.



Isu lokuqondisa: Yenza Ukuxhumanisa

- Kuyini: Ukucabanga ukuthi indaba ihlobene kanjani nempilo yakho, nezinye izincwadi, noma umhlaba jikelele.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuze uqonde indaba kangcono ngokuyixhumanisa nezinto osuvele uzazi.
- Kusiza kanjani: Kwenza indaba ibe nencazelo ebanzi futhi kube lula ukuyikhumbula.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
17,4	“Hha,” kusho uDumi. “Ngifuna ukuya khona nami ngelinye ilanga.”	Yo, lezi zimpophoma zibukeka zimangalisa! Ngingaxhumana noZweli. Umngani wami omkhulu wathatha uhambo lokuyobona izilwane zasendle. Wangikhombisa zonke izithombe zohambo lwakhe. Uma ngibona leziya zithombe, kwangenza ngifune ukuvakasha nami.
20,2		UZweli uxhumana noMnu. Maboya. Uzizwa engcono ngoba yena noMnu. Maboya benze into efanayo ngesikhathi samaholide.

Kusasa kuzobe kuwusuku lokuqala lokuphindela esikoleni emva kwamaholidi asebusika. UDumi wapholisha izicathulo zakhe. Wapakisha isikhwama sakhe sesikole. UDumi wayesethi nje ingabe kuyosa nini.



Ekuseni uDumi wagijima waqonda esikoleni.

Ngenkathi efika, wabona uSimo emjikelweni.

“Sawubona Dumi! Ubuyephi ngamaholidi?” ebuza.

“Bengihlezi ekhaya,” kusho uDumi. “Wena ubuyephi?”

“Bengivakashele ubabekazi eMaputo,” kusho uSimo.

“Wake waya khona?”

“Cha,” kusho uDumi. “Kunjani khona?”

“Kunamabhilidi amade,” kusho yena. “Kanti nebhishi liseduze! Ngize ngabona nolwandle!”

“Hha!” kusho uDumi. “Ngifuna ukuya khona.”



Ngemva kwalokho uTafadzwa wayesegijima eqonda kuzwingi. “Sanibonani bangani!” kusho yena.

“Beniyephi ngamaholidi?” kubuza uDumi.

“Bengiye eZimbabwe,” kusho uTafadzwa.

“Bengivakashele ugogo. Sahamba ibanga elide ngebhasi. Sahamba sayobona izimpophoma ezinkulu,” kusho yena. “Zibizwa ngokuthi yi-Victoria Falls!”


“Hha,” kusho uDumi.

“Ngifuna ukuya khona nami ngelinye ilanga.”



Ekugcineni, u-Ayanda weza emjikelweni ephethe isikhwama esisha. “Bheka isikhwama esisha engisithole eGoli,” kusho yena. “Kunezitolo eziningi lapho!” kusaqhuba yena. “Kanti kunenxanxathela yezitolo ezinkulu!”

“Awuzwe-ke,” kusho uDumi. “Ngifuna ukuya khona nami.”



Sekwenzekile konke konke uDumi wayengazizwa kahle ngokuphindela esikoleni. “Ngifisa ngabe kukhona indawo entsha ebengivakashele kuyo,” kucabanga uDumi. “Mina engikwenzile ukuhlala ekhaya,” kwase kukhala insimbi.

Kwase kuyisikhathi sokubhala umbhalo ngobuciko. “Namhlanje sizobhala ngesikwenzile ngesikhathi samaholidi!” kwasho uMnu. Mabuya.

UDumi wazizwa ephatheke kabi. “Yini engizobhala ngayo? Angifuni kube khona ozobona iphepha lami,” esho ngenhliziyo.



UMnu. Mabuya wakhombisa abafundi okufanele bakwenze. Wazidweba ebhodini. Wayesexoxela bonke abafundi ngeholidi lakhe. “Bengihlezi ekhaya, ngafunda izincwadi eziningi,” kwasho uMnu. Mabuya. “Ngatshala utamatisi omusha engadini yami. Ngachitha isikhathi nomndeni wami,” kusho yena.



Ngemuva kwalokho, uMnu. Mabuya watshela abafundi ukuthi bacabange ngamaholidi abo. UDumi wavala amehlo akhe. Wacabanga ngesikhathi ehlezi nonina befunda. Wacabanga ngamahora amaningi awachitha nodadewabo omncane bedweba. Wacabanga nangale nkathi umfowabo omdala efika kubo badlala naye ibhola likanobhutshuzwayo.



Ngenkathi sebeqedile ukubhala, uMnu. Mabuya wabuza ukuthi ngubani ofuna ukuxoxela abanye indaba yakhe. Isandla sikaDumi saphakama kuqala.





Ukufunda 1

Waya kuphi uSimo ngamaholidi asebusika?

Waya eMozambique.

UTafadzwa yena waya kuphi ngamaholidi asebusika?

Waya eZimbabwe. Wavakashela e-Victoria Falls.

Waya kuphi u-Ayanda ngamaholidi asebusika?

WayaeGoli.

Ungazixhumanisa izigigaba? Ucabanga ukuthi ungaphatheka kanjani uma bonke abangani bakho bevakashela ezindaweni zokuzijabulisa ngamaholidi?

- Ngicabanga ukuthi ngingazizwa ngi...
- Uma abangani bami bevakashile, nginga...



Ukufunda 2

Wayefuna ukuya kuphi uDumi?

Wayefuna ukuya kuzo zonke izindawo abangani bakhe ababeye kuzo. Wayefuna ukuya eMozambique, eZimbabwe kanye naseGoli.

Wayenzeni uMnu. Mabuya ngamaholidi akhe?

Wayehlezi ekhaya. Watshala utamatisi engadini yakhe. Wafunda izincwadi eziningi. Wachitha isikhathi nomndeni ungqi ekugcineni komusho

Waphatheka kanjani uDumi ngenkathi ethola ukuthi uMnu. Mabuya wayehleli ekhaya njengaye?

Wazizwa kangcono. Akazange esazizwa kabi ngokuthi wayekade ehleli ekhaya, njengothisha wakhe.

Ingabe ungakwazi ukuxhumanisa izigameko? UDumi waba nomona ngezinto zonke ezintsha ezenziwa ngabangani bakhe. Ungasicabanga yini isigameko esakwenza waba nomona?

- Ngazizwa nginomona njengoDumi ngenkathi...
- Lokhu kungikhumbuza mina nge...



INDABA 3

UJABU UPHEHLA

AMAQANDA

Indikimba: Siyawenza amaphutha



Ulwazi Lwagaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi izinto eziphazamisayo zingasiholela kanjani emaphutheni futhi kungani kusemqoka ukugxila entweni ebalulekile engumthwalo wakho ngaleso sikhathi.



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokwakho bese uqonda indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kwesinye isikhathi kubanzima ukugxila entweni ebalulekile uma kunento ejabulisayo eyenzekayo. Abantu bangaphazamiseka uma bebona noma bezwa ngento ejabulisayo, noma ngabe bazama ukwenza umsebenzi obalulekile.
- Ukuzikhethela kwethu, kungaba nemiphumela yakho. Ngesinye isikhathi iphutha liyenzeka ngoba siyeke ukuqaphela.
- Wonke umuntu uyawenza amaphutha ngesinye isikhathi. Ngesinye isikhathi senza amaphutha, nanoma sizama ukwenza okulungile.
- Le ndaba isikhuthaza ukuthi sicabange ngamaphutha ethu ukuze singawaphindi. Umama kaJabu nomninisitolo bayamxwayisa ukuthi aqaphele. Lokhu kungachaza ukuthi uke wawenza amaphutha ngobudedengu ngaphambilini.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
28,2	“Ngiyabonga! Uphathe lokhu ngokucophelela ukuze ungabulali amaqanda,” kusho umninitolo. “Ungakhathazeki Bab’ uGumede, ngihlala ngicophelela,” kuphendula uJabu eseyophuma ngomnyango.	Ake ngime ngihlole isimilo sikaJabu: Ngicabanga ukuthi uJabu ujoye ukuphula izinto, ngoba wonke umuntu umkhumbuza ukuthi aqaphele. Ngibona ukuthi kungenzeka ukuthi akayena umuntu oqaphelayo.
30,1	“Mhlawumbe, uma ngingakhahlela kanye nje! Umama ngeke azi!” kucabanga uJabu ngesikhathi egijima eqonda kubangani bakhe. Wazama ukugijima ngokucophelela. Wayengafuni ukubulala amaqanda!	Ake ngime ngihlole isimilo sikaJabu: Ngingasho ukuthi akayena umuntu oqaphelayo. Bonke abantu endabeni bamkhumbuze ukuthi aqaphele... kodwa manje ugijima ephethe amaqanda! Lokho kubonisa ukuthi akayena umuntu oqaphelayo!

Unina kaJabu wayematasa elungisa isidlo sakusihlwa.

“Ngisayodlala ibhola nabangani bami!” kumemeza uJabu, ephuma egijima ngomnyango.

“Yima!” kumemeza unina. “Ngicela ungiyele esitolo uyongithengela idazini lamaqanda nebhodlela lobisi,” kusho unina emnika uhlu lwezinto okumele azithenge kanye nemali.

UJabu wayengafuni ukuya esitolo, kodwa wamamatheka wathi, “Kulungile mama!”

“Ngiyabonga, ngicela uqiniseke ukuthi awuwabulali amaqanda,” kusho unina.


“Ungakhathazeki mama, ngihlala ngicophelela ngaso sonke isikhathi,” kuphendula uJabu eyophuma ngomnyango.



UJabu waqonda esitolo. Ngenkathi efika lapho, wafunda uhlu lwezinto azozithenga. Wathatha amaqanda nobisi. Wayeseyokhokha. Wanikeza umninisitolo imali.

“Ngiyabonga! Uphathe lokhu ngokucophelela ukuze ungabulali amaqanda,” kusho umninisitolo.

“Ungakhathazeki Bab’ uGumede, ngihlala ngicophelela,” kuphendula uJabu eseyophuma ngomnyango.




UJabu wahamba ngokucophelela eya ekhaya.
Wayengafuni ukubulala amaqanda!

Kusenjalo uJabu wezwa abangani bakhe. Wayebezwa behleka futhi bekhahlela ibhola.

“Uma ngiqeda nje ukushiya amaqanda nobisi, ngizobuya ngizodlala,” kucabanga uJabu.

UJabu waqhubeka nokuhamba ngokucophelela eya ekhaya.

Wayengafuni ukubulala amaqanda! Kusenjalo uJabu wezwa umngani wakhe uSam embiza ngegama. “Jabu, woza sizodlala! Siyakudinga!” kumemeza uSam.




“Mhlawumbe, uma ngingakhahlela kanye nje! Umama ngeke azi!” kucabanga uJabu ngesikhathi egijima eqonda kubangani bakhe. Wazama ukugijima ngokucophelela. Wayengafuni ukubulala amaqanda!



Nokho njengoba uJabu eqala egijima eqonde kubangani bakhe, wakhutshwa yitshe. Amaqanda awela phansi. Kwakunamaqanda aphielikile. Amanye amaqanda amthela!

“Hhayi bo!” kukhala uJabu. “Ngizothini kumama?”
“Uzomane umtshela ukuthi wenze amaqanda aphehliwe!” kusho uSam emgcona. UJabu noSam bahleka.





Ukufunda 1

Yini okwakufanele uJabu ayithenge esitolo?

Kwakufanele athenge amaqanda nobisi.

Ngubani owabiza uJabu ukuthi bazodlala ibhola likanobhutshuzwayo?

Umngani wakhe uSam wambiza ukuthi bazodlala.

Kungani uJabu anquma ukudlala ibhola?

- Ngoba umngani wakhe uSam wambiza ukuthi bazodlala.
- Wayecabanga ukuthi uzokwazi ukudlala ibhola ngaphandle kokubulala amaqanda.
- Wayecabanga ukuthi uzokhahlela kanye nje kuphela.
- Wayecabanga ukuthi unina ngeke aze azi!



Ukufunda 2

Ucabanga ukuthi unina kaJabu uzozizwa kanjani uma uJabu efika ekhaya?

Ngicabanga ukuthi uzozizwa ...ngoba...

Ucabanga ukuthi uJabu wazizwa kanjani ngenkathi ewisa amaqanda? Kungani?

Ngicabanga ukuthi wazizwa...ngoba...

Ingabe ucabanga ukuthi uJabu ungumuntu ocophelelayo? Nika incazelo yempendulo yakho.

- Cha, ngicabanga ukuthi akayena umuntu ocophelelayo. Ngicabanga kanje ngoba unina kanye nomninisitolo bamtshela ukuthi acophelele. Ukuba babemazi ukuthi uyacophelela, kwakungeke kudingeke ukuthi bamkhumbuze.
- Cha, ngicabanga ukuthi akayena umuntu ocophelelayo ngoba unqume ukuyodlala ibhola ephethe amaqanda!
- Angicabangi ukuthi ungumuntu ocophelelayo ngoba ugijima uya kubangani bakhe namaqanda!
- Ukuba uJabu wayengumuntu ocophelelayo, wayezohambisa amaqanda ekhaya kuqala. Angicabangi ukuthi uyacophelela ngoba akayanga ekhaya kuqala – kunalokho uyodlala ibhola.

INDABA 4

ISIVIVINYO SEZIBALO

ESILULA SIKALINDENI



Indikimba: Siyawenza amaphutha



Ulwazi Lwagaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukuzethemba ngaphandle kokuzilolonga kungaholela emaphutheni, futhi ukufunda kungumphumela wokuzama nokuphikelela.



Isu lokuqondisisa: Yenza iziphetho

- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Amakhono ezibalo adinga uzilolonge ukuze wenze kangcono. Ukwenza ngcono ezibalweni, sidinga ukuzilolonga njalo. Ukuzilolonga kususiza ukukhumbula nokuqonda amakhono amasha.
- Othishela banika abafundi umsebenzi wasekhaya ukubasiza bafunde. Umsebenzi wasekhaya, umsebenzi onikwa nguthishela ukusiza abafundi bazilolonge kulokho abakufunde ekilasini.
- Izivivinyo zisetshenziselwa ukuhlola ukuthi abafundi bayakuqonda noma cha lokho abakufundile. Isivivinyo sisiza uthishela ukubona ukuthi yini abafundi abayaziyo nokuthi yini okusadingeka bayifunde.
- Ukuzethemba kakhulu kungasiholela ezinkingeni ngoba uma sicabanga ukuthi into ilula, ngeke sizilolonge noma sizilungiselele ngokwanele, bese senza amaphutha uma sivivinywa.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
36,1	Ngenkathi abanye abafundi bebhala izibalo ezincwadini zabo, uLindeney wayenganake nakunaka, ezenzela imidwebo nje.	Ngiphetha ngokuthi uLindeney ucabanga ukuthi uzazi kakhulu izibalo kangangokuthi akasiboni isidingo sokuzikhandla noma alalele ngokucophelela eklasini.
43,1	Ngenkathi uNksz Ndlovu ebanika isivivinyo abafunda noLindeney, abanye abafundi basheshisa ukwenza izibalo kodwa uLindeney wayebhala kancane. Waqala wajuluka. “Lesi sivivinyo silukhuni! Lesi sivivinyo asilungile!” kucabanga uLindeney.	Ngiphetha ngokuthi uLindeney akazange azilolonge ngokwanele, ngakho-ke isivivinyo sizwakala silukhuni kuye.

ULindeni wayephumelela kahle esifundweni sezibalo. Wayehlala ebala njalo. Wayekwazi ukuhlanganisa izinombolo ngekhanda lakhe. Wayecabanga ukuthi izibalo zilula.

Ngenkathi uNksz Ndlovu efundisa izibalo zokususa, uLindeni wayecabanga ukuthi zilula.



UNksz Ndlovu wabhala izibalo ebhodini. Wayeseyalela ikilasi ukuthi lizibhale phansi. Ngenkathi abanye abafundi bebhala izibalo ezincwadini zabo, uLinden wayenganake nakunaka, ezenzela imidwebo nje.

“Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angidinge kuzilolonga!” kucabanga uLinden.



Ngenkathi uNksz Ndlovu ebheka izibalo kanye nekilasi, uLindeni wayezibhekele ngaphandle kwefasitela. Wayezicabangela ngazo zonke izinto ayefuna ukuzenza ngaphandle.

“Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angidingi ukuzilolonga!” kucabanga uLindeni.



“Bhekani amaphutha bese nenza isiqiniseko sokuthi niyaqonda lapho ningenzanga kahle khona!” kusho uNksz Ndlovu etshela ikilasi. Ngenkathi abanye abafundi bebheka amaphutha abo, uLindenani waya endlini yangasese.

“Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angiwenzi nhlobo amaphutha!” kucabanga yena.



UNksz Ndlovu wabanikeza amaphepha omsebenzi.
“Nizokwenza lezi zibalo emakhaya! Sifunda
ngokuzilolonga kakhulu!” kusho uNksz Ndlovu etshela
ikilasi. ULindeni wamane wafaka iphepha lomsebenzi
esikhwameni sakhe.

“Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angiwudingi
umsebenzi owenziwa ekhaya!” kucabanga uLindeni.



Ngalobo busuku, abafunda noLinden basebenza kanzima ezibalweni zabo zokususa. Nokho uLinden wayebukela umabonakude.

“Ingabe awunawo yini umsebenzi wesikole?” kubuza uyise kaLinden.

“Cha,” kusho uLinden eqamba amanga.

“Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angidingi ukwenza lowo msebenzi wesikole!” kucabanga yena.



Ngakusasa esikoleni, uNksz Ndlovu waqoqa izincwadi zomsebenzi wesikole owenziwa emakhaya. “Uphi umsebenzi wakho, Lindeni?” kubuza yena.

“Ngiwukhohlwe ekhaya,” kusho uLindeni esenga ezimithiyo. “Kodwa-ke ungakhathazeki memu, ngiyazazi izibalo!” kusho uLindeni.

“Lindeni, wonke umuntu kufanele azilolongele izibalo! Wonke umfundi angazazi izibalo uma esebenza kanzima,” kusho uNksz Ndlovu.

Nokho uLindeni akazange amlalele. “Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angidingi ukusebenza kanzima!” kusacabanga yena.

Emuva kwezinsuku ezimbalwa, uNksz Ndlovu wamemezela ukuthi kuzobhalwa isivivinyo sezibalo ngosuku olulandelayo. ULindeni wayengathukile.

“Ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Ngingaphumelela kunoma yisiphi isivivinyo!” kucabanga uLindeni.



Ngalobo busuku, ngenkathi abafunda noLinden bezikhumbuza izibalo zabo zokususa, uLinden wayebuka umabonakude.

“Awubhali yini isivivinyo kusasa?” kubuza uyise kaLinden. “Kufanele uzejwayeze ukubala!”

“Sengiqedile ukufunda,” kusho uLinden eqamba amanga.

“Ngaphezu kwalokho, mina ngiyazazi izibalo. Izibalo zilula. Angidingi nokuthi ngilokhu ngizejwayeza!” kusho yena egcizelela.



Ngenkathi uNksz Ndlovu ebanika isivivinyo abafunda noLinden, abanye abafundi basheshisa ukwenza izibalo kodwa uLinden wayebhala kancane. Waqala wajuluka.

“Lesi sivivinyo silukhuni! Lesi sivivinyo asilungile!”
kucabanga uLinden.

Ngenkathi uNksz Ndlovu esethi, “isikhathi siphelile!”
uLinden wayesabhale uhhafu wezibalo.





Ngenkathi uNksz Ndlovu esebuyisela abafundi amaphepha ezivivinyo ngakusasa, uLinden wayengaphumelelanga.

Emuva kokuphuma kwesikole, ngenkathi bonke abafunda noLinden sebephumile ekilasini, waya kuNksz Ndlovu. “Ngenze iphutha, Thisha,” kusho uLinden. “Bengicabanga ukuthi ngiyazazi izibalo. Bengicabanga ukuthi izibalo zilula. Angizange ngizilolonge futhi angizange ngifunde,” esho ngelokukhala.

UNksz Ndlovu wabuka uLinden emehlweni. “Ungaba umpetha entweni ethile uma uzilolonga,” kusho uNksz Ndlovu. “Ubuzazi izibalo sonke lesi sikhathi ngoba bewenza umsebenzi wakho futhi ufunda.”

“Ngiyathembisa ukuthi ngizosebenza ngokuzikhandla ezibalweni,” kusho uLinden.

Kusukela ngalolo suku, uLinden washintsha ukucabanga kwakhe, “Ngiyazazi izibalo futhi izibalo zizwakala zilula uma ngizifunda!”



Ukufunda 1

Wayenzani uLinden i ngenkathi abanye abafundi bebhala phansi izibalo zabo?

ULinden i wayezicabangela izinto zakhe futhi ezidwebela imidwebo engacacile nje.

Wayenzani uLinden i ngenkathi abanye abafundi befunda izibalo zabo zokususa?

ULinden i wayebukela umabonakude.

Kungani uLinden i engaphumelelanga esivivinyweni sakhe sezibalo?

- Ngoba akazange afunde.
- Ngoba wayecabanga ukuthi izibalo zilula.
- Ngoba akazange azilolongele izibalo ekilasini noma emsebenzini wasekhaya.
- Ngoba wayecabanga ukuthi uyazazi izibalo ngakho wayengadingi ukufunda.
- Ngoba akazange abe nesikhathi esanele sokuqeda isivivinyo sakhe.
- Wayengazilolongeli izibalo zakhe ngakho akakwazanga ukuqeda izibalo masinyane ukuze ezokwazi ukuphumelela esivivinyweni.



Ukufunda 2

Yiliphi iphutha elenziwa nguLinden i?

- Akazange azilolongele noma afundele isivivinyo sakhe sezibalo.
- Akazange aphumelele esivivinyweni sakhe.

Wafundani uLinden i?

Wafunda ukuthi uyazazi izibalo nokuthi izibalo zizwakala zilula uma ezilolonga futhi efunda!

Kungani uLinden i engazange acabange ukuthi kwakufanele azilolongele izibalo?

- Ngoba wayecabanga ukuthi uyazazi izibalo.
- Ngoba wayecabanga ukuthi izibalo zilula.
- Ngoba wayecabanga ukuthi angeke alenze iphutha.
- Ngoba wayecabanga ukuthi uma uyazi into ethile, akudingeki ukuthi uzilolonge.
- Ngoba akazange aqaphele ukuthi kumele usebenze kanzima futhi uzilolonge ukuze wazi into ethile.
- Wenza iphutha lokucabanga ukuthi uma wazi into ethile akufanele usebenze kanzima.

INDABA 5

UDANCEGOD

LLOYD

Indikimba: Siyadansa



Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Yenzeka eGhana.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukulandela into oyithandayo kungaholela kanjani empumelelweni futhi abantu abaneziphiwo bangabasiza kanjani abanye ukufeza amaphupho abo.



Isu lokuqondisisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokwakho bese uqonda indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Ukudansa akusikhona nje okokuzijabulisa- futhi kuyisimo sobuciko. Abantu basebenzisa umdanso ukuzwakalisa imizwa, ukuxoxa izindaba, futhi bajabulise abanye. Kungadlalwa esiteji noma kuvidiyo.
- Abanye abantu bakholelwa ukuthi izinto ezithile zisemqoka kunezinye. Isibonelo, ngesinye isikhathi abantu bacabanga ukuthi izibalo nesayensi kusemqoka ukwedlula ukudansa noma ezinge izinhlobo zobuciko.
- Izinkundla zokuxhumana zisetshenziselwa ukwabelana ngezithombe namavidiyo nabantu abaningi. Izinkundla zokuxhumana ezifana ne-Instagram zivumela abantu babelane ngamavidiyo nezithombe nabanye emhlabeni jikelele.
- “Ukusabalala ngokushesha” kuchaza ukuthi abantu abaningi bayabuka futhi babelane ngevidiyo, isithombe noma indaba ebhaliwe ngokushesha.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
50,4	ULaud wazizwa enengcindezi yokuyeka ukudansa, kodwa wayazi ukuthi angeke aphile kamnandi ngaphandle komdanso. Wanquma ukukwenza ijoka lakhe ukuguqula indlela abantu ababebona ngayo umdanso.	Ake ngime ngihlole isimilo sikaLaud: Ngicabanga ukuthi uLaud uzimisele futhi uyazethemba, ngoba akalilahli ithemba ngento ayithandayo nanoma abanye bemqeda amandla.
53, 1	Nokho, wabona ukuthi akafuni ukudansa kuphela kodwa ufuna nokusiza nabanye abadansi ukuthi bafeze izifiso zabo.	Ake ngime ngihlole isimilo sikaLaud: Ngicabanga ukuthi uLaud uyaphana futhi uyanakekela ngoba usebenzisa impumelelo yakhe ukweseka abanye abadansi abasakhula

ULaud Konadu wayehlala ejabulile njalo ngoba wayedansa. Wayedansa ngisho ehamba eya esikoleni. Izinyawo zakhe zazidansa usuku lonke ngaphansi kwedeski lakhe. Wayedansa noma ephuthuma enkundleni yebhola likanobhutshuzwayo.

Noma nini uma uLaud edansa, wayehluleka ukuzibamba; wayemane amamatheke.




Kodwa ngenkathi uLaud esesemncane, abantu babengamkhuthazi ukuthi adanse.

“Laud, abantu bazocabanga ukuthi awuphilanga kahle ekhanda uma uhlale udansa sonke isikhathi,” kwasho umndeni wakubo.

“Laud, umdanso akuyona into ehloniphekile! Kufanele ukhethe okunye ongakwenza!” kwasho othisha bakhe.

“Laud, ibhola likanobhutshuzwayo libaluleke ukudlula ukudansa!” kwasho abangani bakhe. ULaud wazizwa enengcindezi yokuyeka ukudansa, kodwa wayazi ukuthi angeke aphile kamnandi ngaphandle komdanso. Wanquma ukukwenza ijoka lakhe ukuguqula indlela abantu ababebona ngayo umdanso.



ULaud wanquma ukuqamba inqubo yomdanso. Wachitha amahora amaningi ezinkundleni zokuxhumana ebheka yonke imidanso yezwekazi lase-Afrika eyihlanganisa nomdanso wakhe ayeziqambele wona. Wayesecela umngani wakhe ukuthi aqophe umdanso wakhe esebenzisa ucingo. Eseqedile, wafaka ividiyo yakhe ku-Instagram.



Ividiyo kaLaud yasabalala ngokushesha.
Izinkulungwane zabantu kuwo wonke amazwe
zambona edansa.

“Kuyamangaza!” kwaphawula othile.


“Uyisilomo!” kwabhala omunye.

“Le vidiyo yenze usuku lwami lwaba luhle!” kwasho
umuntu wesithathu.

Kusukela ngalolo suku, uLaud waziwa njengo-“ULloyd
umpetha womdanso”.



UDancegod Lloyd wayekuthanda lokhu kunakwa ayekuthola ezinkundleni zokuxhumana ngamavidiyo akhe omdanso. Nokho, wabona ukuthi akafuni ukudansa kuphela kodwa ufuna nokusiza nabanye abadansi ukuthi bafeze izifiso zabo. UDancegod Lloyd waqala izifundo zokudansa ukuze afundise abalandeli bakhe indlela yakhe yokudansa.



Ngemuva kwalokho, uDancegod Lloyd wahlala phansi nabangani bakhe abakhulu.

“Uma ngiqala ukudansa, ngangicabanga ngokudansa eziteji ezinkulu. Kodwa-ke manje, sengicabanga ngokukhuthaza intsha yaseGhana kuphela,” kusho yena.

Ngokuhlanganyela nabangani bakhe, base bevula isikole sokudansa, i-“Dance with a Purpose Academy”, ababeyibiza ngamafuphi ngokuthi i-DWP.



UDancegod Lloyd nabangani bakhe babefuna ukuqiniseka ukuthi i-DWP iyavuleleka kuwo wonke umdansi osemusha onekhono.


Ngakho-ke base benquma ukukhokha zonke izindleko zanoma yimuphi umdansi onekhono elanelisayo lokungena esikoleni.



Ngolunye usuku, uDancegod Lloyd wabheka ku-Instagram ngemuva kokufaka isifundo esisha somdanso. Wabona ividiyo eyayifakwe umfana osemusha ogama lakhe linguHubert. UHubert wayelandela yonke iminyakazo yokudansa evela ezifundweni zakhe ngobuciko nangendlela eyehlukile. ULaud wanquma ukuthi uHubert angaba umfundi ofanelekile wase-DWP. Ngenkathi uDancegod Lloyd ehlangana noHubert, bahlala baxoxa. ULaud wathola ukuthi uHubert uneminyaka eyi-10 nje kuphela. Wayeshonelwe abazali bakhe bobabili ngenkathi esemncane kakhulu. UDancegod Lloyd wavela necebo lokuthi uHubert athuthele e-Accra ukuze azofunda e-DWP. Wamlungiselela imali yesikole, ukudla kanye nendawo yokuhlala.



“Isifiso sami lesi,” uLloyd watshela abangani bakhe,
“ukusiza ngokuthi ngakhe isizukulwane sabadansi
abawongoti – kungakhathalekileukuthi banemali
encane kangakanani.”



UDancegod Lloyd waqala wanikeza intsha kulo lonke elaseGhana izifundo zokuqeqeshwa zamahhala, ukuze asabalalise injabulo aphinde aguqule imibono yabantu ngomdanso. Njengoba ehamba ezweni lonke laseGhana, wayephinde abheke abadansi abanekhono elisha nobuciko njengoHubert abazongena esikoleni sakhe sokudansa.





Ukufunda 1

Wabizwa ngobani uLaud emuva kokuthi efake ividiyo yakhe ezinkundleni zokuxhumana?

Wabizwa ngokuthi u-“ULloyd umpetha womdanso”.

Wayengubani uHubert?

- UHubert kwakungumfundi wase-DWP.
- UHubert kwakungumdansi uLaud ambona okokuqala ku-Instagram.

Kungani uLaud anquma ukuvula i-DWP?

- Ngoba wayefuna ukusiza intsha yaseGhana efuna ukuba ngabadansi.
- Ngoba wayefuna ukuguqula imibono yabanye abantu ngomdanso – hhayi nje owakhe kuphela.
- Ngoba wayefuna ukufundisa enye intsha yaseGhana ukudansa.



Ukufunda 2

Sasibizwa ngokuthini isikole sokudansa esasivulwe nguLaud?

Sasibizwa ngokuthi yi-Dance with a Purpose Academy (i-DWP ngamafuphi).

Yimuphi umbono onawo ngomdanso? (Yini oyicabangayo ngokuba umdansi?)

Umbono wami ngomdanso ...

Kungani uLaud ayefuna ukuguqula imibono yabantu ngamdanso?

- Ngoba wayefuna intsha ikwazi ukuba nezifiso zokuba abadansi.
- Ngoba abantu babemnika ubunzima ngenkathi esesemncane – wayefuna kube lula ukufeza izifiso kwabanye abantu.
- Ngoba wayethanda ukudansa futhi wayefuna abantu babone ukubaluleka komdanso.
- Ngoba wayefuna abantu abasha bakwazi ukufeza izifiso zabo zokuba ngabadansi.



INDABA 6

UMDANSI

WEZIMANGA LONA!

Indikimba: Siyadansa



Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ukubekezela, ubuhlakani, kanye nokuzimisela kungabasiza kanjani abantu ukunqoba izinselele futhi bafeze amaphupho abo.



Isu lokuqondisa: Hlolisisa

- Kuyini: Ukunquma ukuthi uyayithanda yini indaba noma izinqumo ezenziwe ngabalingiswa.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwakha imibono ngokwakho bese uqonda indaba ngokujulile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi ucabange ngomyalezo wendaba nalokho okholelwa kukho mayelana nayo.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Abantu banamaphupho ashintshayo ngokuhamba kwesikhathi. Abantu bangaba namaphupho ehluke besebancane, kwesinye isikhathi lawo maphupho ashintshe ngenxa yezimo zempilo.
- Ngesinye isikhathi, abantu bayagula kakhulu noma balimale, bese odokotela bebasiza ngokubaxilonga nangokubelapha. Ezinye izifo zingathikameza ukusebenza komzimba.
- Abantu abakhubazekile bangakwazi ukusebenzisa amathuluzi kanye nezinto ezibavumelanisa nesimo ukungakaza nokuba ingxenye ezintweni ezithile. Abanye abantu basebenzisa izinto ezifana nezinduku zokuhamba noma izihlalo zabakhubazekile. Abanye abantu bayakhona ukuzivumelanisa nesimo futhi bakwazi ukuba ingxenye ngokugcwele ezintweni ezenziwayo. Abanye abantu bashintsha indlela abenza ngayo izinto ukuze bakwazi ukuba ingxenye ngokuphelele.
- Abantu abakhubazekile ngokomzimba bangenza izinto ezimangalisayo, bafingelele ezinjongweni zabo, futhi bagqugquzele nabanye ngeziphiso zabo.



Ukuze usebenzise leli su:


Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
65,2	UMusa wenza isinqumo esinzima sokuvuma ukuthi anqunywe umlenze ukuze avikele ukwanda komdlavuzi.	Awuthi ngime ngihlole isimilo sikaMusa: Ngicabanga ukuthi uMusa unesibindi futhi uyazimisela, ngoba wenza isinqumo esinzima sokusindisa impilo yakhe, nakuba sishintsha ikusasa lakhe.
69,1	Wabona ukuthi ukuba ngumdansi onomlenze owodwa kwakusho ukusebenza uphikisane namandla adonsela phansi omhlaba, namandla okuzimela. Kukho konke ukuzilolonga kwakhe, wasebenzela ukwakha ubudlelwano obuhle namandla omhlaba adonsela izinto phansi.	Ake ngime ngihlole isimilo sikaMusa: Ngicabanga ukuthi uMusa uzimisela kakhulu futhi uyazikhandla, ngoba akalilahli ithemba. Uvumelana nesimo futhi uyaqhubeka athuthukise ukudansa kwakhe yize kunezingqinamba.

Lena yindaba kaMusa Motha, umdansi omangazayo waseNingizimu Afrika.



Ngenkathi uMusa esemncane kakhulu,
wayengazicabangi ukuthi angakhula abe ngumdansi.
Isifiso sakhe kwakungukuba ngumpetha webhola
likanobhutshuzwayo. Wayethanda ukugijima ehle
enyuka nenkundla, edlala futhi ekhahlela ibhola.

Ngolunye usuku, uMusa eseneminyaka
eyisishiyagalolunye ubudala, omunye umfana
wamkhahlela edolweni emdlalweni
kanobhutshuzwayo. Njalo
ebusuku, amasonto amaningi
ngemuva kokuba elimele,
idolo lakhe ungqi
ekugcineni
komusho Abazali
bakhe babona
ukuthi lokhu
akusikho ukulimala
kwedolo okujwayelekile,
base benquma umusho
awuphelele esibhedlela.



Kwaphela izinyanga eziyisithupha engekho othola ukuthi konakelephi edolweni likaMusa. Wayengena ephuma ezibhedlela. Wabonana nodokotela abaningi. Bamhlola ngezindlela eziningi, kodwa abakwazanga ukuthola ukuthi yini eyayibangela ukuvuvukala kwedolo likaMusa.

Ekugcineni, omunye wodokotela bakaMusa wanquma ukwenza umthungo omncane obizwa ngokuthi ukuhlinzwa kokuhlola izicubu. Uma imiphumela ibuya, yabonisa ukuthi uMusa une-Osteosarcoma – uhlobo oluthile lomdlavuza oluthinta amathambo. UMusa wenza isinqumo esinzima sokuvuma ukuthi anqunywe umlenze ukuze avikele ukwanda komdlavuza.




Ukunqunywa kukaMusa kwakusho ukuthi usekhululekile emdlavuzeni. Nakuba kunjalo, kwakusho ukuthi isifiso sakhe sokuba ngumpetha webhola likanobhutshuzwayo sase sishabalele. Wayengasakwazi ukugijima ehle enyuka nenkundla ekhahlela ibhola. Nokho, uMusa wanquma ukugxila kuzo zonke izinto umzimba ohlukile okwazi ukuzenza.



Inhlangano ebizwa ngokuthi “i-Reach for a Dream,” esiza izingane eziphethwe yizifo ezibucayi, yathengela uMusa umsakazo. UMusa wayezifela ngomculo. Ngenxa yokuthanda kwakhe umculo, uMusa wabona ukuthi kunezinye izindlela anganyakazisa ngazo umzimba wakhe. Waqala ukuzilolongela umdanso.




Ngonyaka wezi-2017, uMusa wahlolwa yinkampani yokudansa iVuyani. Wamukelwa ngenxa yekhono lakhe elikhethekile lokudansa, nangenxa yendlela yakhe yedwa angayiletha eshashalazini.



Ekuzilolongeni kukaMusa enkampanini yokudansa iVuyani, kwakunguye yedwa umdansi onomzimba ohlukile. Nakuba kunjalo, uMusa wayamukela inselelo. Wabona ukuthi ukuba ngumdansi onomlenze owodwa kwakusho ukusebenza uphikisane namandla adonsela phansi omhlaba, namandla okuzimela. Kukho konke ukuzilolonga kwakhe, wasebenzela ukwakha ubudlelwano obuhle namandla omhlaba adonsela izinto phansi.



Ngemuva kokuzilolonga, uMusa waba umdansi ophambili enkampanini yokudansa iVuyani. Nakuba kunjalo, uMusa usasebenza ngokuzikhandla nsuku zonke. Akulula ngaso sonke isikhathi kubahleli bezindlela zokudansa ukwakha inqubo yokudansa evumelana nendlela uMusa adansa ngayo. UMusa kufanele asize ukuxhumanisa isakhiwo somdanso nomdansi onomzimba ohlukile.



Ngenkathi uMusa edansa eshashalazini elikhulu,
abantu abaningi kubabukeli babengakaze bambone
umdansi onguchwepheshe ohamba ngezinduku.
Abantu bahamba bengawuvali umlomo futhi
bekhuthazekile ngenxa yobuhle nekhono lokudansa
kwakhe.

UMusa ukhuthaza ababukeli bakhe ukuba
bacabange ngabantu abanamakhono ahlukile.
Ukuphumelela kwakhe eshashalazini kusiza ukujulisa
ukucabanga kwabantu nokuqeda ukubandlululwa
kwabakhubazekile! Ukhombisa ukuthi abantu
abanemizimba eyehlukile banamandla futhi bahle.



Ngokudansa kwakhe, uMusa Motha ufuna ukukhombisa ukuthi akukho okungenzeki. Kwesinye isikhathi uMusa usebenza kanzima ngangokuthi kuze kube buhlungu umzimba wonke. Nokho-ke usenawo amandla okusukuma aqhubeke adanse.





Ukufunda 1

Wayeneminyaka emingakhi uMusa ngenkathi ethola isifo somdlavuza?

Wayeneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala.

Wanquma ukwenzani uMusa esikhundleni sokudlala ibhola likanobhutshuzwayo?

Wanquma ukuba ngumdansi.

Kungani uMusa Motha waba ngumdansi?

- Kungoba wayengasakwazi ukuba ngumdlali webhola likanobhutshuzwayo.
- Kungoba wayesethanda nomculo.
- Kungoba umculo wamsiza wabona ukuthi kunezinye izindlela ayenganyakazisa ngazo umzimba wakhe.
- Kungoba wayefuna ukugxila kuzo zonke izinto umzimba wakhe owawukwazi ukuzenza.
- Kungoba wazilolonga ephindelela waze wamukeleka enkampanini yokudansa iVuyani.



Ukufunda 2

Ingabe uzizwa ukhuthazekile ngempilo kaMusa Motha? Chaza.

Ngizizwa ngikhuthazekile ngoMusa Motha ngoba...

Wayehluka kanjani uMusa kwabanye abadansi?

Wayehlukile kwabanye abadansi ngoba wayenomlenze owodwa.

Kungani sithi uMusa Motha wayengumuntu ophikelelayo?

- Kungoba wathola lokho ayengakwenza ngomzimba wakhe ngemuva kokunqunywa umlenze.
- Kufanele ukuthi wayedumele ngokuthi wayengeke esakwazi ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo, kodwa wanquma ukuthola angakwenza!
- Kungoba wagxila kulokho umzimba wakhe okwazi ukukwenza.
- Kungoba wasebenza kanzima ukuthi abe ngumdansi.
- Kungoba ukudansa kunzima kakhulu kumuntu onomlenze owodwa, futhi uMusa kufanele asebenze kanzima kakhulu. Kodwa uzama ngakho konke okusemandleni!
- Kungoba uMusa ungumdansi ophambili. Kufanele asebenze kanzima kakhulu ukuze abe ngomunye wabadansi abangcono kakhulu.
- Kungoba kwesinye isikhathi abantu bacabanga izinto ezingezinhle ngabantu abanamakhono ahlukile, kodwa uMusa akazivumelanga lezo zinkolelo zimvimbe ukubeni ngumdansi ovelele.
- Kungoba uMusa usebenzela ukwamukela ukudansa okuvumelana nendlela yakhe yokudansa.

Musa Motha: <https://youtu.be/0E4COuKljAM>



INDABA 7

KUSIZA

AMAHLENGETHWA

Indikimba: Sithola usizo



Ulwazi Lwagaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba esaqiniso.
- Yenzeka esikhathini esisanda kwedlula.
- Yenzeka eCalifornia, eMelika.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi ngesinye isikhathi usizo lungavela lapho besingalindele khona, futhi kubalulekile ukungalilahli ithemba.



Isu lokuqondisisa: Buka ngeso lengqondo

- Kuyini: Ukwakha isithombe emqondweni ngalokho okwenzekayo endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukwenza indaba izwakale iyikho futhi ibe nentshisekelo.
- Kusiza kanjani: Kukusiza uqonde ukuthi abalingiswa nezindawo babukeka kanjani futhi kwenza indaba ibonakale icace bha.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Amahlengethwa izilwane ezincelisayo, lokhu kuchaza ukuthi angaphansi kweqoqo elifanayo nabantu nezinja. Awasiwona izinhlanzi. Isibonelo, amahlengethwa aphefumula umoya njengoba nathi senza- awakwazi ukuphefumula ngaphansi kwamanzi ngengezinhlanzi. Amahlengethwa kumele aphumele ngaphandle kwamanzi ukuze aphefumule.
- Amahlengethwa angezinye zezidalwa ezinobungani futhi ezihlakaniphile ezihlala olwandle. Kunezindaba eziningi ngamahlengethwa evikela abantu koshaka. Akwenza lokhu ngokubhukuda ngesiyingi ezungeza abantu.
- Ukugwedla amagagasi kungumdlalo futhi nendlela yokuthokozela olwandle. Ukugwedla amagagasi kungumdlalo lapho umuntu ema noma alale ebhodini elikhethekile bese egibela amagagasi olwandle. Abagwedli bamagagasi basebenzisa ukuzimelela nekhono labo ukuhlala ebhodini ngenkathi amagagasi eya ngasosebeni.
- Ngokwesilinganiso, cishe abagwedli bamagagasi abayi-15-30 bahlaselwa oshaka ngonyaka. Ukuhlaselwa okuningi kwenzeka eMelika, kulandelwe i-Australia bese kuba iNingizimu Afrika.




Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
81,1	Kwathi kungazelele muntu, kwakhona into eshaya ngaphansi ibhodi lokushwibeka likaTodd! UTodd nebhodi lakhe lokushwibeka wandizela emoyeni imizuzwana engaba yisihlanu. “Kungenzeka kube noshaka eduze!” kucabanga uTodd. Inhliziyo yakhe yashaya ngamandla.	Lokhu kufanele ukuba kumthuse kakhulu uTodd. Ngikubona ngeso lengqondo ukuthuka ebusweni bukaTodd ngenkathi ephonswa emoyeni.
84,1	Ngenkathi ushaka ubambe unyawo lukaTodd ngamazinyo awo abukhali, uTodd wasebenzisa olunye unyawo lwakhe ukuze akhahlele ushaka ngamandla akhe onke anawo. Nokho ushaka wabamba waqinisa.	Ngiyambona ngeso lengqondo uTodd enyakaza ekhahlela, ezama ukukhahlelela ushaka kude. Kufanele ukuba uzizwa ethukile ukuthi ushaka uzothatha umlenze wakhe wonke!


Le ndaba isuselwe endabeni eyenzeka ngempela kangoti wezokushwibeka emagagasini ogama lakhe nguTodd Endris. Le ndaba yenzeka endaweni yaseMonterey Bay, eCalifornia kwelase-United States.



Ngelinye ilanga ekuseni enyangeni kaMfumfu, uTodd waya ebhishi. Wavala uziphu wesudi yakhe yamanzi wayesethatha ibhodi lakhe lokushwibeka emagagasini, njengoba ehlala enza njalo ekuseni. Ngenkathi engena emanzini, wabona amahlengethwa ayisithupha amahle edlala egagasini. “Lokhu akwejwayelekile!” kucabanga uTodd. Wama kancane ukuze abukele.



Emva kwalokho, uTodd wagibela phezu kwebhodi lakhe lokushwibeka olwandle wayeseqala ukugwedlela lapho amagagasi ayemakhulu ngakhona. Wathola igagasi elikhulu, wayesegwedlela ngaphandle ukuyothola elinye igagasi, njengenhlalayenza. “Kwaze kwaba usuku oluhle lokushwibeka olwandle!” kucabanga uTodd. “Sheshisa!” ebiza umngani wakhe uBrian, owayefaka isudi yakhe emanzi ebhishi.



UTodd walala ebhodini lakhe lokushwibeka wedlula
amagagasi ngenkathi emele uBrian ukuthi aze kuye.



Kwathi kungazelele muntu, kwakhona into eshaya ngaphansi kwebhodi lokushwibeka likaTodd! UTodd nebhodi lakhe lokushwibeka wandizela emoyeni imizuzwana engaba yisihlanu. “Kungenzeka kube noshaka eduze!” kucabanga uTodd. Inhliziyo yakhe yashaya ngamandla.



Ngokwethuka okukhulu, uTodd wabamba intambo yakhe wadonsa ibhodi lakhe lokushwibeka. Wagibela phezu kwalo waqala wagwedla ngokushesha eya ngasogwini. Ngenkathi egwedla, wayebukisisa emanzini efuna ukubona izimpiko zikashaka.




Kusenjalo, uTodd washayeka futhi, ngamandla amakhulu manje. Njengoba uTodd ewela emanzini okwesibili, ushaka omkhulu omhlophe wafaka amazinyo awo emhlane wakhe. Amanzi agcwala igazi ngokuphazima kweso.


Ushaka wadonsela uTodd emuva naphambili, phezulu naphansi. Njengoba evela ngaphezulu emanzini, uTodd waklabalasa, ememeza. “Sizani! Ngisizeni!” ngenkathi ushaka umdonsela phansi kwamanzi, uTodd washaya ikhala likashaka ephindelela, ezama ukuthi umyeke.




Ushaka wayeka umhlane kaTodd, kodwa okwesikhashana nje kuphela. Ngemuva kwalokho ushaka waluma unyawo lukaTodd, sengathi ufuna ukulugwinya! Ngenkathi ushaka ubambe unyawo lukaTodd ngamazinyo awo abukhali, uTodd wasebenzisa olunye unyawo lwakhe ukuze akhahlele ushaka ngamandla akhe onke anawo. Nokho ushaka wabamba waqinisa.



Kwakukhona ukushaywa kwamanzi okunamandla okwenza uTodd angakwazi ukubona ukuthi amahlengethwa ayebhukuda emzungezile aphinde agxumele ngaphezu kwekhanda lakhe. Wamane wezwa ushaka umdedela. UTodd wazama ukuntanta emanzini. Wayethukile, evevezela. Wafuna ibhodi lakhe lokushwibeka egagasini ngenkathi esesabela ukulunywa okwesithathu.



Ngesikhathi uTodd eqalaza, wabona ukuthi amahlengethwa amahle ayisithupha ayemzungezile. Ashaya imisila yawo emanzini, ethusa ushaka omkhulu. UTodd wabamba ibhodi lakhe lokushwibeka egagasini.



Ngemuva kwalokho uTodd wezwa izwi likaBrian.
“Sheshisa! Gibela ebhodini lakho!” kumemeza uBrian.
Amanzi ayesegcwele igazi. Njengoba uBrian esiza
uTodd ukuthi amdonsele ogwini, wayelokhu ebhekisisa
amafini kashaka emanzini. “Sicela nisisize!” kusho
uBrian ememeza abantu abasogwini.



Ekugcineni, uTodd wezwa ibhodi lakhe lokushwibeka egagasini lidinsileka esihlabathini. Wayesebuyele ogwini. “Sekulungile! Kuzolunga!” kusho uBrian. UTodd akazange akholwe ukuthi amahlengethwa ayezidlalela ayehlenge umphefumulo wakhe.





Ukufunda 1

Ushaka wamluma kuphi uTodd?

Ushaka waqala ukuluma uTodd emhlane wase umluma emlenzeni.

Ngubani owasindisa uTodd kushaka?

Amahlengethwa ayezidlalela asindisa uTodd ngokwethusa ushaka.

Kungani le ndaba yesabisa?

- Ngoba kukhona ushaka endabeni kanti oshaka bayesabeka.
- Ngoba uTodd walunywa ushaka kwase kuba negazi emanzini.
- Ngoba uTodd wayeyedwa ngenkathi elunywa ushaka.
- Ngoba ushaka wamluma ezindaweni eziningi; ushaka wawulokhu ubuya uphindelela kuye.
- Ngoba asazi ukuthi uTodd uzosinda yini noma uzobulawa ushaka ekugcineni kwendaba.



Ukufunda 2

UBrian wafika nini emanzini ukuzosiza uTodd?

Wafika wazosiza uTodd ngemuva kokuthi amahlengethwa esethuse ushaka.

Bona ngeso lengqondo ukuhlasele kukashaka okwenzeka endabeni. Yikuphi ocabanga ukuthi kuthusa kakhulu?

Ngicabanga ukuthi okwethusa kakhulu kungenkathi....

Kungani umngani kaTodd, uBrian, engazange angene olwandle ukuze azomsiza?

- Ngoba wayecabanga ukuthi naye uzohlaselwa ushaka.
- Ngoba lokhu kuhlaselwa kwenzeka emanzini kanti kwakungelula ukubona okwakwenzeka.
- Ngoba kwakuzoba lukhuni ukuthola uTodd emanzini anegazi.
- Ngoba ushaka omkhulu uyingangamela futhi ungabahlasele kalula abantu ababili.
- Mhlawumbe kungoba uBrian wayesaba kakhulu ukungena emanzini ngenkathi ebona ushaka.




INDABA 8

UMUNENE

UTHOLA USIZO

Indikimba: Sithola usizo



Ulwazi Lwangaphambilini

- Lo mbhalo uyindaba yokuziqambela.
- Isethwe eNingizimu Afrika.
- Yenzeka esikhathini samanje.
- Le ndaba izosiza abafundi bakho baqonde ukuthi kunzima kakhulu ukukhohlwa ukushiywa ngabathandiweyo bethu. Kubalulekile ukubekezelela abantu abasosizini, futhi ngesinye isikhathi, bayaludinga usizo lochwepheshe.



Amanye amaphuzu okwabelana nabafundi bakho

- Kubalulekile ukusiza izingane ezisosizini ngenxa yokushiywa umzali, ugogo/umkhulu, noma omunye umnakekeli.
- Lindela ukuthi ngesinye isikhathi ingane ingatetema noma ingaziphathi kahle. Zama ukuhlinzeka ingane ngamathuba okuzwakalisa imizwa yayo, ngokukhuluma ngayo, ukudweba izithombe noma ngokubhala, noma ngisho ngokusebenzisa umzimba njengokushaya ngesibhakela.
- Gcina indlela yokwenza izinto iqhubeka. Indlela yokwenza izinto, ibaluleke kakhulu ekuhlinzekeni izingane ngomuzwa wokuvikeleka.
- Okokugcina, kubalulekile ukubekezelela ingane esosizini. Bavumele bezwe usizi futhi bedlule emizweni yabo ngejubane labo.



Isu lokuqondisa: Yenza iziphetho


- Kuyini: Ukuqagela izinto umbhali angazichazanga ngokuqondile, usebenzisa izinkomba endabeni.
- Kungani sikusebenzisa: Ukuqonda izincazelo ezijulile nemiyalezo efihlekile.
- Kusiza kanjani: Kukusiza ukuthi wenze iziphetho ngenkathi ufunda, futhi uqonde kangcono indaba nabalingiswa bayo.



Ukuze usebenzise leli su:

Ikhasi nesigaba	Ukufunda	Ithi
94,4	Nokho okukhulu, wayekhumbula iphimbo likaninakhulu ayeheleka ngalo eliphezulu nelindondayo. UMunene wayefuna ukulala usuku lonke. Wayezizwa ekhathele kakhulu ukuthi angaphuma ngisho embhedeni.	Ngingaphetha ngokuthi uMunene akaphilile kahle, ngoba ufuna ukuhlala embhedeni usuku lonke.
97,1	“Ngikwenzele ukudla kwakho okuthandayo kwakusihlwa!” kusho ubabekazi uBongekile, enikeza uMunene isemishi elithosiwe elinoshizi. “Ngiyabonga, ngisuthi,” kusho uMunene, eqhelisa ipuleti lakhe.	Ngingaphetha ngokuthi uMunene akaphilile kahle, ngoba akafuni ukudla noma yini - ngisho nokudla kwakhe akuthandayo.

Emuva kokuthi uninakhulu kaMunene eshonile,
wahamba wayohlala nobabekazi uBongekile
eMamelodi – kude nekhaya lakubo eXigalo.



Ngenkathi efika emzini kababekazi uBongekile, akukho okwakuzwakala kulungile. Indlu yezwakala inkulu futhi ingenalutho.

Wayekhumbula imisindo yezinyoni zitshiloza ngaphandle kwefasitela lekamelo lakhe ekuseni.

Wayekhumbula umnyango omdala obanga umsindo ulokhu uvuleka uphinde uvaleke.

Nokho okukhulu, wayekhumbula iphimbo likaninakhulu ayehleka ngalo eliphezulu nelindondayo. UMunene wayefuna ukulala usuku lonke. Wayezizwa ekhathele kakhulu ukuthi angaphuma ngisho embhedeni.



Ngenkathi efika ekilasini lakhe elisha, akukho okwakuzwakala kulungile. Ikilasi lakhe lezwakala sengathi limnyama futhi ligcwele amakhaza.

Wayekhumbula umsindo wezinkomo ngaphandle ngosuku lwesikole.

Wayekhumbula umsindo kashoki ebhodini. Nokho ayekukhumbula kakhulu ukwazi ukuthi uninakhulu uzomfica ekhaya – ngemuva kokuhamba ibanga elifushane.

Ukucabanga ngesikole kwenza isisu sikaMunene saba buhlungu.

Njalo ekuseni, wayetshela ubabekazi uBongekile ukuthi wayegula kakhulu, angeke aye esikoleni.




Ubabekazi uBongekile wayebona ukuthi kukhona okungalungile. Wazama ukusiza uMunene ukuthi ajwayele indawo entsha.

“Kunganjani uhambe nami siye kwamakhelwane? UBokang uneminyaka eyisishiyagalolunye – njengawe nje!” kusho uyisekazi. Nokho uMunene wayengathandi ukuhlangana nabantu angabazi.




“Ngikwenzele ukudla kwakho okuthandayo kwakusihlwa!” kusho ubabekazi uBongekile, enikeza uMunene isemishi elithosiwe elinoshizi.

“Ngiyabonga, ngisuthi,” kusho uMunene, eqhelisa ipuleti lakhe.



Ngalobo busuku, ubabekazi uBongekile wezwa uMunene ekhalela phansi emcamelweni wakhe. “Ingabe udinga ngikwange?” embuza ngezwi elimnene, kodwa uMunene wayengafuni ukwangiwa ngomunye umuntu ngaphandle kukaninakhulu.



Ubabekazi uBongekile wanikeza uMunene isikhathi sokuthi azinze, kodwa emuva kwamasonto ambalwa izinto zabonakala zingalungi.

“Munene mntanami, ngikhathazekile ngawe. Ngicabanga ukuthi unengcindezi. Ushonelwe wumuntu obumthanda kakhulu. Usukile endaweni oyejwayele; weza endaweni ekude nekhaya lakini kanye nabangani bakho. Ngicabanga ukuthi udinga usizo ukuze uzizwe ungcono,” kusho ubabekazi ngosizi.

UMunene wathula imizuzwana embalwa. “Ingabe lokhu kusho ukuthi kukhona okungalungile ngami?” kubuza uMunene ngokwesaba.

“Cha, akusho lokho,” kusho ubabekazi uBongekile. “Ngiyazi ukuthi kukhona ukungamukeleki kahle ngokubona umeluleki wezengqondo, kodwa akusiyo into ongaze ube namahloni ngayo. Uma umzimba wakho uwuzwa sengathi uyagula, awubi namahloni ngokuya kudokotela. Uma ingqondo kanye nemizwa yakho uyizwa igula, akufanele ube namahloni ngokubona umeluleki wezengqondo. Ngivamile ukubona umeluleki wezengqondo ukuze ngizizwe ngizolile futhi ngijabulile,” kuqhuba ubabekazi emqinisekisa.

Ngemuva kwezinsuku ezimbalwa, ubabekazi uBongekile wayisa uMunene emtholampilo okhethekile. Balinda egunjini lokulinda.


Ngenkathi igama likaMunene libizwa, wethuka. “Ungakhathazeki, ngizobe ngilapha ngikulindile,” kusho ubabekazi uBongekile emqinisekisa ngenkathi behlukana.



UMunene wangena ehhovisini elincane elinombala ogqamile. Wahlala esihlalweni esintofontofo.

“NginguZain,” kusho umeluleki wezengqondo, ehlezi ebhekene naye. “Masikhulume ngendlela ozizwa ngayo.”

“Ngizizwa...” kuqala uMunene ebambeka.



Ngemuva kwehora, uMunene waphefumula kakhulu, wayesephindela egunjini lokulinda.

“Manje?” kubuza ubabekazi uBongekile ngokungabaza. “Bekunjani?”

“Hhayi, angazi noma ngizizwa ngingcono yini manje...” kusho uMunene. “Kodwa-ke ngicabanga ukuthi kuzodingeka ngibuye futhi ngesonto elizayo. Ngiyamthanda umeluleki wezengqondo uZain – ngicabanga ukuthi ukukhuluma naye kungangisiza,” kusho uMunene.

Ubabekazi uBongekile wabamba isandla sakhe wasiqinisa, wayesemoyizela.





Ukufunda 1

Wayekhumbula bani uMunene?

UMunene wayekhumbula uninakhulu

UMunene noninakhulu babehlala kuphi?

UMunene noninakhulu babehlala eXigalo

Kungani ubabekazi kaMunene uBongekile ayekhathazekile ngaye?

- Wayekhathazekile ngoba uMunene wayengafuni ukuphuma embhedeni.
- UMunene wayengafuni ukuya esikoleni.
- UMunene wayengafuni ukuhlangana nabantu angabazi.
- UMunene wayengafuni ukudla ukudla akuthanda kakhulu.
- Ngoba wazama ukwenza konke ayekucabanga okwakungasiza uMunene azizwe engcono, kodwa kwakubonakala kungekho okumsizayo.



Ukufunda 2

Kungani uMunene aya eMamelodi?

Kwadingeka aye eMamelodi ukuze ayohlala nobabekazi uBongekile emuva kokushona kukaninakhulu.

Kudla kuni uMunene akuthandayo?

UMunene uthanda kakhulu isemishi elithosiwe elinoshizi

Kungani ubabekazi uBongekile aphetha ngelokuthi kungenzeka ukuba uMunene wayenengcindezi?

- Ngoba wayefuna ukulala usuku lonke. Wayengafuni ukuphuma embhedeni.
- Ngoba wayephathwa yisisu nsuku zonke futhi engafuni ukuya esikoleni.
- Ngoba wayengafuni ukuhlangana nabantu angabazi.
- Ngoba wayengafuni ukudla – ngisho nokudla kwakhe akuthandayo.
- Ngoba ubabekazi uBongekile wezwa uMunene ekhala ebusuku.
- Ngoba uninakhulu kaMunene wayesanda kushona.
- Ngoba uMunene kwadingeka athuthele endaweni entsha – yonke into yayingajwayeleki!



